Umdobi kanye nomphefumulo wakhe

Igama:

Njalo ekuseni umdobi osemusha ngokweminyaka wayehamba aye olwandle, afike aphose amanethi akhe okudoba emanzini.



Kwakuthi uma umoya uvunguza uqhamuka ngasosebeni, angabambi lutho noma abambe okuncane ngoba kwakuwumoya omubi nohlangatshezwa amagagasi anamandla. Kodwa uma umoya uphephethela osebeni, izinhlanzi zazisuka ekujuleni kolwandle zingene emanethini akhe, bese ezithatha ayozidayisa emakethe

Wayeya olwandle njalo ntambama, kwathi ngenye intambama, inethi yasinda ngendlela yokuthi kwakulukhuni ukuthi idonseleke esikebheni, wahleka yedwa wathi "Nakanjani, ngibambe zonke izinhlanzi ezisemanzini, noma ngibambe isilwanekazi thizeni esiyomangalisa abantu noma into esabekayo eyofiswa Indlovukazi', wabe esedonsa izintambo ngawo wonke amandla akhe kwaze kwavuvukala amankonyane ezingalweni zakhe. Wazidonsa izintanjana zaya ngokuya zisondela ziletha amanethi akhe.

Kodwa kwakungekho nhlanzi, kungekho silwanekazi esikhulu nanto esabekayo, kodwa kwakukhona inkosazane yasolwandle encane eyayilele ubuthongo.

Ithathwe endabeni eyabhalwa kuqala ngu-Oscar Wilde

Sebenzisa isichazamazwi ukubheka izincazelo zalamagama alandelayo:

Mangala: _____

_____

Uhambo: _____

_____

© e-classroom 2015

LUCKY STAR
Eat better. Live better.

Umdobi kanye nomphefumulo wakhe

Manje bhala eyakho indaba emfishane engeqile emagameni ayi-140 mayelana nomdobi obamba osayidinsi olwandle.



Veza ukuthi kungani kuvamile ukuthi abantu badle osayidinsi bese ubalula ukuthi kungani benomsoco. Yakha imifanekiso engqondweni, wakhe abalingiswa, ukusetshenziswa kolimu ngokufanele, ukupela kanye nezimpawu zenkulumo.

Sebenzisa inqubo yokubhala:

- Ukuhlela/ngaphambi kokubhala
- Umbhalo wangaphambilini
- Ukubuyekeza
- Ukulungisa
- Ukubheka amaphutha kanye nokwethula

© e-classroom 2015

LUCKY STAR
Eat better. Live better.